

Idamu iNkomazi laziwa kakhulu ngezinyoka zasemanzini eziningi. Abadobi bezinhlanzi babelithanda kakhulu lelidamu. uNkazimulo wayengumfana waseNkanini. Wayehlakaniphile efuna ukwazi kakhulu. Wayefuna ukwazi yonke into.





UNkazimulo nomndeni wakhe babehlala eduze nalelidamu elikhulu elibizwa ngokuthi iNkomazi. Izakhamuzi eziningi zakulendawo zaziphila ngokudoba. Abanye babethengisa izinhlanzi emakethe, abanye badobela ukudla. Indlala yayingaziwa kulendawo yaseNkanini.

UNkazimulo naye wayefisa ukuba ngumdobi. Wayehlala ecela ubaba wakhe ukuthi amthengele izindobo.





Ngosuku ubaba wakhe amthengele ngalo udobo, wajabula kakhulu. Inkinga kwaba ngukuthi uyesaba ukuhamba yedwa ayodoba edamini. Wacela umngani wakhe uZonke ukuthi ahambe naye. UZonke akavumanga ukuhamba naye. Wacela uSipho kepha uSipho wathi wesaba izinyoka zasemanzini.

Uzokwenze njani? Uyafuna ukudoba ukuze asize ubaba wakhe ngokuthengisa izinhlanzi emakethe. Ufuna ngenhliziyo yakhe yonke. uNkazimulo waqinisela wahamba yedwa ukuyodoba izinhlanzi.


Ngemuva kwesikhashana, wabona inyoka yasemanzini iza ngakuye.





Wabutha izinto zakhe, wagijima ebuyela ekhaya engenayo neyodwa inhlanzi. Ubaba wakhe wabuza ukuthi kungani engabuyanga nenhlanzi ngosuku lwakhe lokuqala. UNkazimulo wayenamahloni okusho ukuthi ubalekile ngoba ebone inyoka yasemanzini. Wathi ayikho inhlanzi esondele ngasodobeni lwakhe.

Ngakusasa uNkazimulo wavuka ekuseni kakhulu. Waya kubangani bakhe ukuyobacela ukuthi bahambe naye edamini. Abavumanga, bathi abafuni ukusondela kuleliya damu. Basaba izinyoka zasemanzini.





UNkazimulo usenkingeni. Uzohamba nobani? Akasoze alokothe ahambe yedwa futhi. Kepha inhliziyo yakhe ifisa ukudoba. Uzibona engumdobi ophumelelayo kulendawo.

UMnumzane Ngomane ngumdobi ongumakadebona. Ngosuku olulandelayo, waqonda kuMnumzane Ngomane. Wacela ukuhamba naye ukuyodoba izinhlanzi. UMnumzane Ngomane wavuma. UNkazimulo wajabula wazimisela ukubamba izinhlanzi eziningi.





UMnumzane Ngomane wayelazi kakhulu idamu iNkomazi, njengentende yesandla sakhe. Wahamba noNkazimulo endaweni engenazo izinyoka zasemanzini. UNkazimulo wazizwa ejabulile ngalesi sinqumo.

Baphonsa izindobo zabo base bayalinda. Udobo likaNkazimulo likhombisa ukunyakaza. Kusho ukuthi udobo libambe inhlanzi.





UMnumzane Ngomane watshela uNkazimulo ukuthi adonse udobo lwakhe ngokushesha.

UNkazimulo wadonsa udobo waphuma nenhlanzi enkulu enhle. UMnumzane Ngomane wathatha inhlanzi isithombe maqede wayikala.


Udobo likaMnumzane Ngomane nalo lakhombisa ukunyakaza. Wadonsa waphuma nobhabuli.

Ngalelo langa, bonke baphindela ekhaya bephethe izinhlanzi.





UNkazimulo wadabuka uma kuphela izinsuku zokuphumula zikaMnumzane Ngomane. Wakhumbula ukuthi uMnumzane Ngomane ube usizo olungakanani kuye. Wayengakajabuli ukuthi usezohamba yedwa ukuya edamini.




Nakube wayeyedwa, wakhumbula konke uMnumzane Ngomane ayemtshele khona.

Wayesekwazi ukubamba izinhlanzi zonke izinsuku.

USipho noZonke bamncenga ukuba abaphe izinhlanzi. Manje sebeyafuna ukuhamba naye. Bafuna ukufunda kuye. UNkazimulo useyiqhawe labadobi ebanganini bakhe.







UNkazimulo waqala iqembu lokudoba. Amalunga okuqala aleliqembu kwaba nguZonke noSipho. UMnumzane Ngomane naye wayengomunye wamalunga aleliqembu.

Maduze, uNkazimulo uthathe igama lomdobi odumile endaweni.

Izolo bekungumncintiswano wonyaka edamini iNkomazi. Abadobi abavela kude naseduze bafika.






Iqembu likaNkazimulo lwathola imali eyizinkulungwane eziyisihlanu. Namuhla bathokozela ukunqoba ekhaya kubo kaNkazimulo.

Ulwazi Lwethu

Readers

## Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

## Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

## Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-667-2